# Amazwi amasha ase-Afrika alekelela imizamo yamazwe omhlaba ekubeni sobala ngezentela

Cape Town, ngoLwesine 6 kuNtulikazi 2023 – UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo lwaseNingizimu Afrika lubambe uMhlangano we-13 we-Africa Initiative obe yizinsuku ezimbili, obuhlanganise oKhomishana-Jikelele beziphathimandla zemali eqoqwayo e-Afrika, abammeleli bezikhundla eziphezulu, ongoti, kanjalo nezinhlangano zesifunda nezamazwe omhlaba nomphakathi.

Umhlangano wavulwa ngokusemthethweni **nguNgqongqoshe weziMali waseNingizimu Afrika, uMnu. Enoch Godongwana** ogcizelele ukubaluleka kwamathuluzi okuba sobala ngezentela njengezikhali zabaphathi bentela ukuze babhekane nomkhuba wokungathobeli imigomo yentela: "Amazinga amazwe omhlaba okuba sobala ngezentela akhombisile ukuthi ayithuluzi elisebenza ngempumelelo ekunqandeni ukugwenywa kwentela kanye nezinye izinhlelo zokugeleza kwemali engemthetho nokukhiqiza enye imali elungele ukutshalwa ekuthuthukisweni nokuhlinzekwa kosizo emphakathini." Unxenxe i-*Global Forum* ukuba "iqhubeke isebenzele amazwe ase-Afrika iphinde yeseke i-*Afrika Initiative* emizamweni yayo yokwakha nokuthuthukisa amandla ayo okusebenzisa amazinga Okushintshana Ngolwazi ngokuphelele kuzwekazi."

"Ukuba khona kobungozi kwezentela endaweni ethile, kusho ubungozi kwezentela yonke indawo. Abaphathi bezentela bayacelwa ukuba basebenze ngenhloso yokwenza izinguquko nangokobizo ekulekeleleni izwekazi lase-Afrika ikakulukazi. Ukusebenzisana ngokubambisana kubalulekile uma sizokwenza lokhu sonke esiphokophele ukukubona ukuze sizokwazi ukuhlanganisa izinsizakusebenza silwisane nobubha, ukuswelakala kwemisebenzi nokungalingani," kusho **u-Edward Kieswetter, uKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) nobuye abe ngobambisene noSihlalo we-*Afrika Initiative***.

"Silokhu sizinikele ekulekeleleni amazwe ase-Afrika ukuze abhekane nezingqinamba ekuqaliseni ukusetshenziswa nasekuhlomuleni emazingeni okuba sobala kwezentela. Ngokuba ngokubambisana, singenza okukhulu," kusho u-**Philippe Kokou B. Tchodie, uKhomishana Jikelele weTogolese Revenue Office (OTR) nobuye abe ngobambisene noSihlalo we-*Africa Initiative***.

"Izinhlelo zethu zakamuva, ezibizwa nge-*Train the Trainer ne Women Leaders in tax Transparency*, zikhombisa imiphumela emihle e-Afrika kanti sizoqhubeka siphinde siqinise imizamo yethu yokukhuthaza ukuba sobala kwezentela ukuze kuhlomule wonke amazwe ase-Afrika nezakhamizi zawo," kusho u-**Zayda Manatta, Inhloko yeHhovisi LikaNobhala we-*Global Forum***.

Umhlangano ubuqondene nokwethulwa kohlelo ***i-Tax Transparency in Africa 2023*** namuhla okukhombisa lokhu osekwenziwe amazwe ase-Afrika ekubhekaneni nezinkinga zokugwenywa kwentela nokugeleza kwemali engemthetho (i-IFF) ngokunyusa izinga lokusetshenziswa kokuba sobala kwezentela nokushintshana ngolwazi (i-EOI) ezindabeni zentela, kanjalo nethuluzi le-*Global Forum* losizo lokutholakala kwezicelo zentela emingceleni.

Umbiko wowezi-2023 ufaka amazwe angama-38 ase-Afrika. Uveza umthelela omuhle we-Afrika Initiative ekuqhubekeni nokuthuthukisa ukuphathwa kwentela nokuqoqwa kwemali. Uphinde unabe ngemisebenzi yokwakha amandla eyenziwe yi-*Global Forum* nabalingani bayo e-Afrika ngonyaka wezi-2022 uphinde uphakamise amasu angasebenza kuyiwe phambili.

Impumelelo ebonakalayo kule minyaka yakamuva ibandakanya:

- Amazwe ase-Afrika ngokuhlanganela kubikwe ukuba aqoe ngaphezulu kuka 310 million EUR okube umphumela wokushintshana ngolwazi okufakelwa isicelo (i-EOIR) kusukela kowezi-2014,

nokungenani u-1.69 billion EUR ngaphezulu kwemali eqoqwayo (intela, inzalo kanye nezinhlawulo) kubonakele esifundeni kusukela kowezi-2009, ngokusetsheniswa kwezinhlelo zokudalula ngokuzithandela ezethulwa ngaphambi kohlelo lokuqala lokushintshana oluzenzekelayo, EOI kanye nokuphenywa kwemalingeniso nempahla esemazweni aphesheya. Okokuqala ngqa, izwe elilodwa lase-Afrika kubikwe ukuba liqoqe izintelo ezengeziwe (10.6 million EUR kowezi-2022) ngokusebenzisa imininingo ye-CRS.

- Amazwe ase-Afrika angama-23 aseyingxenye yezinhlangano ezihlangene *Convention on Mutual Administrative Assistance in Tax Matters*, okuyithuluzi elihlanganise lonke uhlobo lokusebenzisana ukulwisana nomkhuba wokungathobeli, okwenza kunwenwe ubudlelwano lohlelokuxhumana lwe-EOI.

- Kuze kube manje, amazwe ayi-10 ase-Afrika azinikele ekushintshaneni ngolwazi lwe-akhawunti yezimali okuzenzekelayo (AEOI) ngosuku oluthile kanti maningi okulindeleke ukuba enze okufanayo esikhathini esizayo, ngokusizwa yi-*Global Forum* nabalingani bayo.

- Ngonyaka wezi-2022 kwahlelwa imicimbi yokuqeqesha lapho akwaba khona abantu abayi-1 170 ababemele amazwe angama-37 ase-Afrika. Phezu kwalokho, kwaphinde kwaqeqeshwa abanye abayi-1 800 ngaphezulu ku-EOI beqeqeshwa ngabaqeqeshi bakuleli ababebambe iqhaza ohlelweni i-*Train the Trainer*.

- Amazwe ama-4 ase-Afrika aseyingxenye ye-*Global Forum* (iRiphabhulikhi yaseCongo, Angola, Zimbabwe ne-Sierra Leone) njengamalungu nombolo 165, 166, 167 no- 168 ngokulandelana kusukela kuNhlangulana 2022, okuqhubeka nokubonisa ukunaka kakhulu kwezombusazwe uhlelo lokuba sobala kwezentela kumazwe omhlaba.

I-Africa Initiative eyethulwe kowezi-2014 manje esiyesekwa ababoneleli nabalingani kwezentuthuko abayishumi nesithupha, ihlose ukuqinisekisa ukuthi amazwe ase-Afrika ayahlonyiswa ukuze abe yingxenye ekuthuthukisweni kokuba sobala emhlabeni wonke, ukulwa kangcono nokugwenywa kwentela kanye nokunye ukugeleza kwemali engemthetho ekugcineni kuthuthukiswe ukuhlanganiswa kwezinsiza ukuze kusimamiswe intuthuko yawo.

I-*Global Forum* umkhandlu ohamba phambili ekuqinisekiseni ukuthi yonke imithetho ebekiwe emhlabeni ithobela – futhi iqalisa ukusebenzisa ngempumelelo – kokubili ukushintshana ngolwazi ngokufaka isicelo nangokwezinga lokushintshana kolwazi okuzenzekelayo. Lokhu okuphokophelwe kufinyelelwa kukho ngokulandela izinqubo zokuqapha nokubuyekeza. I-*Global Forum* ibuye ibe nohlelo lokwakha amandla lokweseka amalungu ayo ekuqaliseni ukusetshenziswa kwamazinga nokulekelela iziphathimandla zentela zikwazi ukusebenzisa kahle imigudu yokwabelana ngolwazi emingceleni.

Ngolwazi olwengeziwe xhumana no:

Mnu Anton Fisher, SARS Media Unit, afisher2@sars.gov.za; inombolo yokuxhumana +27 82 070 3674.